



INGEDE

May 2021
Volume 24
Number 2



Izithombe ezivumhlalandlela ekulimeni umoba

Indidi yehwe lwamasu okufawula
ufshani obenabayo emobeni

UKUFUNDA AKUGUGELWA:-

Zitholele amaphephabhuku abalimi ashicilelwe ngolimi lwesiZulu azokusiza ekulimeni umoba (ikhasi 8)




NGABE SAPHELELAPHI ISIHLAVA I-LONGHORN?

Lesihlava sike saphilisa abalimi baseNtumeni kanzima kwadingeka iMboni kaShukela yonkana ibambisane ukuze kugwenywe ukubhebhetheka (ikhasi 4).



UKHUVETHE ALUMISANGA UKUSEBENZA:-

Ukubaluleka kobuhle bomoba kwenzelabeluleki bahlanganyele nosonkontileka nabalimi becobelelana ngolwazi kulandelwa yonke imigomo yokugwema ukubhebhetheka kokhuvethe (ikhasi 10-11).



IZINGUQUKO:-

IsiKhungo sikuthokozele ukwethula isibaluleki ababili asebezoba yinxenye yethimba labeluleki olusebenza kakhulu ekuthuthukisweni kwabalimi abalima nokuncane nabe-Land Reform (ikhasi 12).

Umyalezo wabalimi

Ibhalwe: nguThulani Masondo (umphathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)

Ngithi angithathe lelithuba nginibingelele, bese sicebisana ngezinto okumele sizikhumbule emsebenzini wethu wokulima. Ngokusebenzisa usizo lwabeluleki nezinye izinhlaka esisebenzisana nazo embonini kamoba kuningi esingakuzuzana nokungasiza ekutheni ibhizinisi lethu liqhubekele phambili ngaphandle kwezingqinamba. Ake sikhumbuzane ngezinhlaka ezikhona ukusilekelela ukuze siphumelele; KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development (KZN DARD), South African Farmers Development Agency (SAFDA), South African Cane Growers Association (SACGA), Shukela Training Center (STC) kanye neSikhungo sezoCwawano ngoMoba (SASRI).



Engizothanda sikhumbuzane ngakho okwamanje yilokhu okulandelayo:

Ukuvulwa kwesigayo somoba/umshini

Qikekela ukuthi izilinganiso zakho zomoba ozowugawula uzenze kahle. Izilinganiso zisiza umshini kulokhu okulandelayo; isikhathi okumele usisebenze ugaya, ukwazi ukuthi ngehora kumele ugaye umoba ongakanani, bese zisiza ekutheni umshini unikeze abalimi umthamo womoba okumele bawufake ngosuku. Uma nihambise izilinganiso okungezona kudala ukuthi umshini ungakwazi ukubala kahle izinyanga okumele uzisebenze lokhu kugcina sekwenze ukuthi umshini usheshe uqede ukugaya singakashayi isikhathi noma kube nomoba umshini ongeke ukwazi ukuwugaya okuphoqa ukuthi uze ungene ngonyaka olandelayo lokhu okungenza ukuthi ngaleso sikhathi umoba wakho ube ungasekho ezingeni elihle nelamukelekile emshinini ugcine usuthola imali encane ngomoba wakho (lokhu kungadalwa yizinambuzane ezinjenge eldana noma yizifo).



Ukukhetha usonkontileka ozokwenzela umsebenzi

Iba nesiqiniseko sokuthi usonkontileka omkhethayo uwenza ngendlela enhle negculisayo umsebenzi wakhe. Qiniseka ukuthi uma ephukelwe yimishini uyakwazi ukwenza indlela yokuthi umoba wakho ungaphazamiseki ukungena emshinini (futhi angeke uthathe isikhathi eside ungangenile emshinini). Makube wumuntu enizoba nobudlelwano obuhle ekubonisananeni ngokomsebenzi. Kumele wazi mlimi ukuthi nguwe osuke uqashe usonkontileka ngakho ke kumele akwenzele lokhu okudingayo kodwa makube yinto ehambisana nemigomo yomsebenzi.

Ukuvimbela ukuguguleka komhlabathi nokonga amanzi emvula

Izivikela kuguguleka komhlabathi kumele zenziwe ebusika ngokulandela uhlelo lwakwa-SASRI noma loMnyango wezoLimo lwe-Land Use Plan (LUP).



Isimo sensimu

Insimu yakho yomoba kumele ibe nomoba ogculisayo ngalezi ndlela ezilandelayo; mayibe nomoba ohlangene kahle, ongafani nezinhlango, mayingabi nokhula, makube yinsimu efakwe umanyolo ngokwezinto zabakwa 'FAS' futhi awufakwe ngesikhathi esifanele umanyolo. Kumele imigwaqo kube ngehambekayo ukuze imishini yokusebenza ikwazi ukuhamba kahle. Uma imigwaqo imibi kumthatha isikhathi eside usonkontileka ukwenza umsebenzi kanti nezinga lokuphuka kwemishini liba phezulu lokhu okudalela usonkontileka izindleko eziphezulu.



Ukwenza iqophelo lomoba libe lihle

Uma izinga likashukela emobeni wakho liphansi, kumele ufuthe ngemithi yokuwuvuthiswa ukuze ube noshukela omuhle. Hlahla umoba ovuthiwe. Izinhlobo zomoba ezahlukene ziba nezinga likashukela elingafani ngezikhathi zonyaka. Kunohlobo olunoshukela omningi uma umshini uvula, kukhona eziba noshukela omningi maphakathi nonyaka kubuye kube nalezi eziba noshukela omningi uma umshini usuzovala. Abeluleki bayazazi izinhlobo ukuthi zihamba kanjani bazokusiza uma udinga usizo.

Ukubekisa imbewu uma uzotshala kabusha insimu yakho

Insimu uyitshala kabusha ngalezizizathu; insimu yakho isikunika amathani amancane kunalana okumele ngabe uyawenza ngehheka, umoba wakho usungenwe yisifo noma yizinambuzane ezikuphoqa ukuthi insimu uyitshale kabusha noma sekunohlobo lomoba olusha olunesivuno noshukela omningi kunalolu olutshalile. Uma uzotshala ngonyaka ozayo ngo-2022 kumele ufake i-oda lakho lembewu kulonyaka ukuze uzonika abakhiqizi bambewu isikhathi esanele sokutshala imbewu. Umkhiqizi uzokutshalela ngentwasahlobo yalonyaka ka-2021 wena imbewu yakho uyoze uyithole ngentwasahlobo yango-2022 ukuze ukwazi ukutshala. Uma ubekisa i-oda lembewu kumele uxhumane nomeluleki wakho kanye neThimba leZifo neziNambuzane zomoba ukuze bakuncomele uhlobo lomoba okumele ulutshale. Indawo lapho ozotshala khona imbewu yomoba kumele kube yindawo engazange ibe nomoba izinyanga eziyishumi nambili (12). Indawo nendawo inezinhlobo zomoba okuvumelekile ukuthi zitshalwe kuyo.






Ukuvikela imililo

Qinisekisa ukuthi insimu yakho inawo amabhande ukuze ezovimba umlilo ngoba izinga lokusha komoba kubaphezulu ebusika. Uma uzoshisa bheka isimo sezulu ukuthi sikulungele yini ukuthi ungashisa. Kulabo abasondelene nemigwaqo yezimoto, bengashisa uma intuthu izoya emgwaqeni bese yenza abashayeli bangayiboni indlela ngoba lokho kudala izingozi ezingadingekile. Uma unamandla ngokwezimali, thatha umshwalense womoba wakho ukuze makuba khona okwenzakalayo ukwazi ukukhokheleka, kodwa ke nawo umshwalense uba nemigomo nemibandela okumele ilandelwe ngoba uma ungayilandelanga ungagcina ungakhokheleki uma usushelwe.

Ukuthathwa kwenhlabathi iyohlolelwa umanyolo

Thatha amasampula omhlabathi wakho ebusika ukuze ayohlolwa ukuthi kumele ufake hlobo luni lukamanyolo nanokuthi ongakanani. Amasampula omhlabathi kumele uwathumele kwa-SASRI FAS. Umhlabathi wakho kumele uwuhlole unyaka nonyaka, lokhu kulekelela ekutheni isivuno sakho sibe sihle kuphinde kukusize wonge imali ungayilahla ngokufaka umanyolo ngendlela engafanele.



Sebenzisa i-SASRI Programme Planner

Qikelela ukuthi unayo i-SASRI programme planner la ubhala khona ukuthi yini ozoyenza ngasiphi isikhathi, le planner ibuye ikusize ngokukhumbuzisa izinto osuzenzile. Uma uyidinga xhumana nomeluleki wakho wezolimo uzokunikeza.

Siyanicela balimi ukuthi nibambisane nathi ngokuthi uma sinihlelela izifundo zabalimi, niye ezifundweni lezo. Sicela nisebenzisane nabaholi benu babalimi uma benimema emihlanganweni niye khona nizothola ulwazi. Sibuye sicele abaholi babalimi ukuthi uma beye emihlanganweni babuye bazise abalimi ngokuxoxwe ngakho nokumele bakwenze.

Ngicela ninikeze abaluleki benu izinamba zenu zocingo kanye nama-email address uma ninawo ukuze sikwazi ukunithumelela izinto ezisuka esiKhungweni. Okunye esikucelayo wukuthi uma kungenzeka, unikeze umeluleki uhlobo lukamakhala ekhukhwini onalo ukuze sazi ukuthi hlobo luni lwezinto ezihambisana nomakhala ekhukhwini wakho esingakuthumelela zona.

Naba abaluleki benu bakwa-SASRI: Norman Mkhabela (oPhongolo, Makhathini Flats, Mngobokazi kanye naseMtubatuba – SSG & LR), Sifiso Hlela (Felixton kanye neMatikulu – SSG & LR), Maphilisi Zulu (Gledhow, Darnall kanye ne-Maidstone – Land Reform Growers), William Gillespie (Gledhow, Darnall, Maidstone kanye ne-Midlands – SSGs), Winile Shelembe (Eston – SSG & LR) kanye noBongiwe Chonco (Sezela kanye noMzimkhulu – SSG & LR). Bakhona nabaluleki boMnyango wozolimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya abasebenzisana nabo ezindaweni zenu.

Ngiyabonga kakhulu, asibambisaneni silime ngokuzimisela ukuze umsebenzi uqhubekele phambili sibone nenzuzo.



Lisakhona nje ibhungezi le-Longhorn?



Ibhalwe: ngu-Rowan Stranack (Uphathi wabeluleki kanye nabaqikelela ukuvikeleka komoba)

Sekuphele cishe iminyaka emihlanu kwahlasela ibhungezi lalapha eNingizimu Afrika elibizwa nge-longhorn (*Cacosceles newmannii*) epulazini lomoba eliseNtumeni ngaseShowe. Ngenkathi lebhungezi ligcwele, ukuhlola okunzulu emapulazini akhelene kwaveza ukuthi amahheka abalelwa ku-500 omoba ayehlaselwe yileli bhungezi, umoba ukhahlamezeke kakhulu. Kwabonakala ukuthi imizamo enamandla futhi ephuthumayo iyadingeka ngokushesha ukuze kugwenywe ukuqhubeka kokubhebhethaka kwalebhungezi kwezinye izindawo (kumanye amasimu).

Izindlela ezahlukene okubalwa kuzo ukusebenzisa imithi kanye nemishini zahlolwa ukuzama ukuthiba ikakhulukazi ithuku lalebhungezi kodwa zonke aziphumelelanga. Ukungathibeki ngokushesha kwalo kwaholela ekutheni amapulazi ayehlaselwe avalelwe, futhi abalimi ababenalenkinga bangena ezindlekweni benza nokungaphezulu ukuqikelela ukuthi umoba osuka ezindaweni ezinalenkinga uthunyelwa ngendlela ephephile esigayweni. Ibhungezi le-longhorn lethulwa njengesinambuzane esiyingozi, nezindlela zokulungisa umonakalo zashicilelwa phansi. Okubi nje, indlela esebenzayo yokusithiba yinye okungubulala izitshalo ezinalo kuqikelelwe nokuthi insimu igcinwa ingatshalwanga umoba okungenani iminyaka emibili, okuyisikhathi esasilinganisiwe ukuze lesinambuzane siqede umjikelezo waso wokuphila. Abalimi banikezwa izincwadi ezazinxusa ukuthi babulale amasimu abo ahlaselekile kanjalo nalawo asondelene kakhulu nawo

okungenzeka ukuthi ayesehlaselekile ilebhungezi noma bekungakabonakali. Le* senzo esinamandla sasinzima futhi sikhubaza kubalimi ngokwezimali.

Ukubona isibhincongo i-longhorn ekwazi ukuseza eMbonini kaShukela, umkhandlu wakwa-SASA wenza isikhwama sokubhekelela ukugwema ukubhebhethaka ukuze kubulalwe amasimu ane-longhorn kanye nalawo aseduzane. Lesikhwama silethe usizo ngokwezimali kubalimi ebebelahlekelwe ngenxa yokuhlala isikhathi singakafiki (umoba ungakavuthwa) nababulale amasimu abo. Izindleko zokubulala amasimu kanye nokutshala ezinye izitshalo nazo zakhokhelwa, kanjalo nalabo abalalisa amasimu bakhokhelwa imali yokuqasha indawo ukuze umoba ungatshalwa okungenani iminyaka emibili. Besingekho isibopho esiphoka abalimi ukuthi uma sekudlule iminyaka emibili kumele batshale umoba futhi uma ubungozi sekubonakala bugwemekile.

Ukubambisana okukhulu kutholakele kulabo balimi abebandakanyeka ngakho izinhlelo ziqhubeka kungenazihibe kwancishiswa kakhulu umfutho walesinambuzane. Izinto eziningi okwakumele zenziwe zaphothulwa ekupheleni konyaka wezi-2017 kanye nasekuqaleni wezi-2018. Emahhekeni abalelwa kwi-1150 kwayekwa ukulinywa komoba. Iningi lalawo masimu liphendulwe amadlelo mese idlanzana lilalisiwe. Amasimu ebehlaselekile phambilini nalawo aseduzane abenomoba asaqaphiwe ayahlolwa njalo, okwamanje akukho ukubhebhethaka okuqhubekela phambili okusaqoshiwe.

Ukuphumelela kokugwema ukubhebhethaka kungakalwa ngenani lamabhungezi amadala aqhamuka ezinyangeni zehlobo kanye nezekwindla unyaka nonyaka, okuzobe kuyinkomba yokuthi umjikelezo walo wempilo usuphelile. Ngonyaka wezi-2017 kanye nowezi-2018, kwakunamanani abhekekile amabhungezi amadala avelayo kwamanye amasimu ayephendulwe amadlelo nalalisiwe

kodwa ngowezi-2019 inani bekubonakala ukuthi lehlile. Ngokugqugquzelayo ngowezi-2020, awekho amabhungezi atholakala. Sinethemba lokuthi lokhu kukhombisa ukuthi imizamo yokugwema ukubhebhethaka iphumelele.

Umkhandlu wakwa-SASA uphinde wongeza kulesikhwama ukuze isikhungo sezoCwaningo ngoMoba siqale ucwaningo oluhlukahlukene ukuze siqondwe kahle lesinambuzane nokuthi kuqhutshekwe kuhlonzwe izindlela zokusithiba. Lonke lolucwaningo lusaqhubeka. Imboni yonkana iyanconywa ngegqathu eyalithatha kulobungozi, siyathemba ngokwenza njalo igweme ukulahlekelwa izindodla zemali ngokuhamba kwesikhathi. Siyakugqugquzela uma uhlangabezana nalesinambuzane emasimini sicela uma ukwazi uthathe isithombe saso noma sona uqobo bese uthinta umeluleki wakho noma abethimba lezifo nezinambuzane ngokushesha.



Ukukhhiqizwa kwenbewu egunyaziwe



Emva konyaka wezinkulungwane ezimbili namashumi amabili nantathu (2023) angeke kuvumeleke ukuthi amasimu atshalwe ngembewu engahambisani nemithetho yeMboni futhi yangunyazwa iKomiti leZifo neziNambuzane nokuKhiqizwa kweziNhlobo zoMoba.

UMOBA OTHUNYELWA ▪ Umoba otshalwe ngembewu egunyaziwe
ESIGAYWENI/EMSHININI ▪ Uthunyelwa esigayweni kuphela



IMBEWU EGUNYAZIWE

- Fuze insimu ilaliswe okungenani izinyanga eziyisishiyagalolunye (9), eziyisithupha (6) zazo kube ukuthi ibingatshaliwe umoba.
- Uma ilalisiwe: “ukulima ngokuncane” kanye nezitshalo ezikhulela phansi ezinamaqabunga amakhulu zingatshalwa.
- Insimu kumele ihlolwe ithimba leZifo neziNambuzane ezinyangeni ezintathu (3), eziyisithupha (6) kanye neziyisishiyagalolunye (9).
- Kumele kutshalwe imbewu eqinisekisiwe kuphela.
- Ukuhlolwa kwezifo kanye nezinhlobo ezingadingeki zomoba okunzulu okungahleliwe



yithimba leZifo neziNambuzane fuze kwenziwe okungenani kabili umoba ungakabi nezinyanga eziyisithupha (6).

- Ukuhlololwa isifo uMbasha (RSD) kwenziwe ezinyangeni eziyisihiyagalolunye (9).
- Ukuhlololwa isihlava i-Eldana kwenziwe ngaphambi kokuhlahla.
- Imbewu izogunyazwa emva kokuphasa konke lokuhololwa okubalulwe ngenhla.
- Le mbewu ingasetshenziswa ukutshala amasimu azogawulwa athunyelwe esigayweni.
- Itshalo kanye nehulumela lokuqala kuphela elingasetshenziswa njengembewu egunyaziwe.



IMBEWU EQINISEKISIWE

- Imbewu eqinisekisiwe isuke ikhiqizwe kwinkulisa-mbewu ebhaliswe ngaphansi kweKomiti leZifo neziNambuzane.
- Kungaba izingoqo eziphekiwe.

KUNGANI KUMELE UTSHALE INKULISA-MBEWU EGUNYAZIWE?

- Ukuqinisekisa ukungabibikho kwezifo kanye nokuthola uhlobo oluyilo lwembewu ozoyitshala.
- Izinkulisa-mbewu ezisemapulazini zisetshenziselwa ukwandisa imbewu eqinisekisiwe ukuze inani libe liningi lanele ukutshala amasimu azogawulwa athunyelwe esigayweni.

OKUBALULEKILE:

- Bhalisa amasimu alalisiwe kwabeZifo neziNambuzane ngaphambi kokuba kuqale izinyanga eziyisihiyagalolunye (9) zokulalisa insimu.
- Izitshalo ezikhulela phansi ezinamaqabunga amakhulu kuphela ezingatshala uma insimu isalalisiwe.
- Imbewu egunyaziwe akuyona imbewu eqinisekisiwe.
- Imbewu egunyaziwe ivumeleke ukusetshenziswa noma ukudayiswa uma izotshala emasimini azogawulwa athunyelwe esigayweni kuphela.
- Umoba ozothonyelwa esigayweni akumele usetshenziswe noma udayiswe njengembewu egunyaziwe.




Usuku: uNholanja 2021



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (Kumeluleki) naku-YouTube (SASRI)



Ukubaluleka kokutshala izinhlobo ezahlukene zomoba emasimini

 **Ibhalwe:** ngu-Sharon McFarlane (Umcwaningi ngezifo zomoba kwaSASRI)

Ukutshala isitshalo esisodwa uphindelela kunenzuzo eningi, okubalwa kuyo ukukwazi ukutshala nokuhlala kanconywa kanye nokuncipha kwezindleko. Kodwa, umlando uyakhombisa ukuthi ukutshala uphindelela ikakhulukazi uhlobo olulodwa lwesitshalo kungakhuphula ubungozi bokuqubuka kwezifo nezinambuzane ezibucayi.

Lokhu sekwake kwenzeka phambilini:-

- Indlala eyenzeka ezweni lase Irish (Irish Femine) ngama-1800s, imbangela ikakhulukazi kwakungukutshala uhlobo olulodwa lwamazambane olaluzwela kakhulu esifeni esibizwa nge- potato blight. Abantu ababalelwa kwisigidi esisodwa bashona ngenxa yendlala kanye nezifo, kanti abaningi baphoqelega ukuthi bathuthele kwamanye amazwe ngenxa yalendlala.
- Ngama-1980s, ukwethembela ohlobeni olulodwa lwesiphunzi somvini kwaphoqa abalimi base-California ukuthi batshale kabusha izinkulungwane zamahhaka emivini kwababiza izigidi ezingama-US\$500 ngenkathi kuvela isinambuzane ababengasijwayele sakhahlameza izitshalo.
- Ukuthomba okuphuzi (orange rust), phambilini kwakuthathwa njengesifo esingeyona ingozi kakhulu eMbonini yaShukela e-Australia, lokho kwashintsha mhla kudala izimpawu ezinzima kubhebhethaka ngokushesha ohlobeni lomoba olunesivuno esikhulu i-Q124 ekuqaleni kwama-2000s. Lokhu kwadalwa izinguquko kwisinambuzane esithwala ukuthomba okuphuzi, isimo sezulu esivuna isifo kanye nokwethembela kakhulu kuhlobo lomoba i-Q124, loluhlobo lalutshalwe endaweni edlula amaphesenti angama-80. Umonakalo wadala ukulahlekelwa okubalelwa ezigidini eziphakathi kuka-A\$150-210.

Lezi zimo zazingagwemeka kube kwakutshalwe izinhlobo ezahlukene ukuze kusatshalaliswe incindezi yobungozi.



Insimu eyisibonelo etshalwe izinhlobo ezahlukene zomoba

KwiMboni yethu yomoba, phambilini umthelela wokuqubuka/ wokubheduka kwezinhambuzane nezifo ubumkhulu ikakhulukazi uma kuthembwe uhlobo olulodwa noma uma kukhona izinhlobo eziyincosana. Isibonelo, emva kokuphasiswa komthetho ngonyaka wezi-1927 owawudinga ukuthi zonke izinhlobo zomoba ziqedwe/zisuswe ngenxa yamazanga aphezulu oMabalabala (Mosaic), iMboni yathembela kakhulu ohlobeni lomoba i-Uba olaluvela eNdiya olukwazi ukumelana noMabalabala. Loluhlobo lomoba layisebenzela kahle iMboni iminyaka eminingi kodwa lwaluzwela kakhulu kwisifo esibizwa ngeDube (sugarcane streak), okwathi ngokuhamba kwesikhathi umoba wanqotshwa ilesifo, iMboni yasala isenkingeni. Akugcinanga lapho, ngeminyaka yezi-1940, isiwumba (Smut) saholela ekulahlekelweni okukhulu kuhlobo lomoba olaluthandwa kakhulu abalimi baseNyakatho neTheku i-Co301 futhi kwaqhubeka kwenzeka ukuqubuka okukhulu kwalesifo ngeminyaka yezi-1960 kanye neyezi-1970 ngenkathi i-NC0310 isitshalwa kakhulu.

Izinhlobo zezinhambuzane nezifo ezihlasela umoba ziyashintshashintsha- ukuhlaselela okusha, ukushintsha kofuzo kanye nezimo zemvelo kungenza ukuqubuka kwezifo nezinambuzane okungalindelekile. Lesi simo singathi ukuncishiswa **ngokwenza/ kudedelwe izinhlobo ezintsha zomoba njalo njalo** kugqagqazelwe nabalimi ukuthi batshale izinhlobo ezintsha zomoba uma betshala kabusha amasimu abo. Ngaphezu kwalokho, **Isikhungo sezocwaningo ngoMoba sincoma kakhulu ukuthi abalimi bangatshali uhlobo olulodwa lomoba olungaphezu kwamaphesenti angama-30 epulazini noma kwisifundamshini.** Ngalandlela, uma kwenzeka kuqubuka isinambuzane noma isifo umthelela ongemuhle kwezomnontho unganciphiseka.

Ukusungulwa kwezinkulisa-mbewu ezifana nezibonelo kungaba nomthelela ekusabalaliseni kutshalwe izinhlobo ezintsha zomoba endaweni. Ukutshala imbewu **eseqopheleni eliphezulu enhle** yagunyazwa noma yaqinisekiswa kanye nokutshala izinhlobo zomoba ezahlukene kungasabalalisa ubungozi kunciphise ingcindezi elethwa izinhambuzane nezifo. Ngaleyondlela kwehle nezinga lokuthi izinhlobo zomoba zigcine zikhahlamezekile zinqotshwe yilengcindezi, yingakho abalimi begqagqazelwa ukushintsha izinhlobo zomoba futhi bangatshali uhlobo olulodwa emasimini abo.

Ukudlulisela ulwazi kusetshenziswa ezokuxhumana

Ikakhulukazi kulesi simo esiphila kuso, lapho kugqagqazelwa ukungahlanganyeli sibe baningi endaweni eyodwa, ukusebenzisa omakhala ekhukhwini nezinye izinkundla zokuxhumana sekubaluleke kakhulu ukulekelela abeluleki baqhubeke badlulisele ulwazi kubalimi bomoba. Isikhungo sezoCwaningo ngoMoba kanye noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya sebesebenzisa izinkundla zokuxhumana njengo-WhatsApp ukusabalalisa ama "video" amafishane kanye nephephabhuku labalimi iNgede kubalimi bomoba. Lama "video" aqoshwe aba mafishane futhi ahlala odabeni. Akhuluma ngezihloko ezahlukene eziphathelele nokulinywa komoba. INGEDE ibuye itholakale iyiziqeshana zamazwi aqoshiwe. Konke lokhu kwenza kube lula ukuthi umlimi azifundele noma alalele izeluleko ezishicilelwe. Sinethemba lokuthi konke lokhu kuzofinyelela kubalimi abaningi abalima ngokuncane, ikakhulukazi labo abangakwazi ukuthola lelibhuku. Abalimi bangathola konke lokhu kubeluleki babo, kumxhumanisi (071 850 7292) noma bavakashele amakhasi ethu okungu-**SASRI YouTube channel** kanye nomtapo wolwazi weSikhungo ku-www.sasri.org.za



Zitholele amabhuku azokusiza mahhala



Sisanda kushicilela izinsiza ngolwimi lwesiZulu ebezitholakala ngeSingisi kuphela, okubala kuzo umhlahlandlela weZifo nezizambuzane, uhlelo oludidiyelwe lwamasu okulawula utshani obenabayo emobeni, umhlahlandlela wokuthenga imbewu yomoba kanye nezithombe eziwumhlahlandlela ekulimeni umoba. Lamabhuku asiza ngezindlela ezahlukene. Elezifo nezizambuzane linezithombe kanye nezinkomba ezibonakalayo zezizambuzane nezifo ezijwayelekile nezitholakala eMbonini kaShukela eNingizimu Afrika, lenza kubelula ukuhlonza izinambuzane nezifo uma uhlangabezana nazo ensimini. Elinye linikeza umlimi amasu okumelelana notshani obenabayo nokunye okuningi.

Abalimi, amathimba abhekelele ukuhlola emapulazini kanye namathimba ezokuphepha (biosecurity) ayasizakala ngokushesha uma ephethe lamabhukwana ukuze azikhumbuze ngezizambuzane noma ngezifo abazibona emasimini.

Uma nawe ufisa ukuba nawo lamabhukwana, ungathintana nomeluleki oseduze nawe noma uvakashele ikhasi lethu (www.sasri.org.za)



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)


Isasasa abeluleki bezomoba behambela osonkontileka nabalimi

Ibhalwe: ngu-Norman Mkhabela
(Umeluleki wabalimu, SSG kanye nama-LRG)



Ubudlelwano obuphakathi kwabalimi bomoba kanye nosonkontileka bungobokudingana- kuhle kwengidi nokhiye ekukhiqizweni komoba. Lokhu kusho ukuthi kumele kube nokuxoxisana ukuxhumana nokuvumelana kulabo ababandakanyeka kulobudlelwano ukuze lomshado usebenze ngendlela. Ngakho ke kubaluleke kakhulu ukuqonda ukuthi kulobudlelwano, ukwehluleka kwelunga elilodwa ukwenza okuqondene nalo ekukhiqizeni kuzoholela ekwehlulekeni kwalinye ilunga ngoba ubudlelwano

buncikene. Kumele kuqhakambiswe ukuthi inhloso yezinhloso zombili (umlimi nosonkontileka) ukuphumelela kwamabhizinisi abo ukuze bathole inzuzo impilo iqhubekele phambili. Ukuqinisa lobudlelwano, indima yabeluleki nabeThimba leZifo neziNambuzane kumele igcizelwe ngoba inkulu. Yingakho abeluleki bebambisene nebeThimba leZifo neziNambuzane beqale izinsuku zabalimi nosonkontileka ezithathe inyanga behamba ekujuleni nakuwo wonke amakhona eMboni kaShukela.



NgokweMboni kaShukela, umlimi kumele akhulise anakekele umoba wakhe, ngendlela ezomelelana nemibandela (ukucoliseka, umswakamo, ubushukela, amakhafilithi kanye nokungewona ushukela) yesigayo ukuze ibhizinisi lakhe lisimame. Lokhu kukuveza kube sobala ukuthi ubuhle bomoba bubaluleke kakhulu. Esigayweni somoba, umoba ongemuhle ungasolela ekuphazamisekeni kohlelo lokugaya umoba ngokuthi imishini ife njalo, okungenza kubambezeleke ukugaywa komoba kungabe kusafinyelelwa kumthamo wosuku. Lokhu kubuye kube nomthelela kwizilinganiso zomoba ezithunyelwa kwiMboni kaShukela zisize ekuhwebeni koshukela ezimakethe zangaphandle. Lemithelela engemuhle yomoba ongemuhle ayigcini nje ukulimaza umlimi kanye nesigayo kodwa iyadlulela.


Indima edlalwa osonkontileka inkulu akumele nayo ikhohlwe kuluhlelo lokukhiqizwa komoba uze ufike esigayweni ugcine usungushukela otholakala cishe kuyo yonke imizi eNingizimu Afrika. Osonkontileka baletha izinsiza uma kuhlahlwa, kuthuthwa umoba emasimini uya emazonini nasesigayweni njalo njalo. Kusetshenziswa izindlela ezicwaningwe kanzulu njalo njalo, iMboni kaShukela isingule izindlela okumele zilandelwe osonkontileka ukuze umsebenzi uhambe kahle bonke abathintekayo bazuze. Lesi esinye sesizathu abeluleki benqume ukuyokhumbuzana nosonkontileka nabalimi ngokubaluleka balobudlelwano nokubambisana. Lezinsuku zibe kwizifundamishini ezahlukahlukene kwadingidwa udaba lokubaluleka bobuhle bomoba.

Isibonelo sikubeka kucace ukuthi ukubambisana iyona ndlela ezozuzisa bonke ababandakanyekayo kwiMboni kaShukela, ukubambezeleka komoba. Uma umoba ubambezeleke ngezinsuku ezidlula ezimbili ungafiki esigayweni, umlimi ulahlekelwa kakhulu ngoba ubushukela buyancipha ogoqweni. Isigayo sikhokhela umlimi ngobushukela obusogoqweni, konke okunye okungewona ushukela okufana

namathophisi netashi kwenza isigayo sihlawulise umlimi ngoba konke lokhu kunomthelela ekukhishweni kukashukela ogoqweni lomoba. Abadonsi kumele baqaphelisise babeke emqodweni zonke lezimo bazigweme ngayo yonke indlela.

La ngenzansi siveza ngokusobala sobala ukuthi umlimi ulahlekelwa kakhulu uma umoba ubambezelekile.

Um'thelela wokubambezeleka komoba kubuhle bomoba



Abeluleki ngokubambisana nabethimba eliqikelela ukuvikeleka kwezitshalo kumele basize ekukhuthazeni ubudlelwano obuphakathi kasonkontileka, umlimi nesigayo. Lobudlelwano kumele buvuselelwe ngezinhlelo eziqondene nalezinhlelo okungenani kanye ngonyaka ukuze kuboniswane kugcizelelwe ukubaluleka kobuhle bomoba kuzo zonke izinhlelo ezithintekayo. Uma abalimi bezidinga lezi zifundo ezindaweni zabo sicela baxoxisane nomeluleki wabo.

Nangonyaka ozayo u-2022 phakathi kukaNhlolanja (February) noNdasa (March) lezi zifundo zizophinde zenziwe ukukhumbuzisa osonkontileka ngokumele bakwenze ukuze umsebenzi uhambe kahle.

Baholi babalimi siyanicela ukuthi nikhuthaze abalimi benu ukuthi bafake umanyolo emobeni wabo babuye baqinisekise ukuthi insimu ayinalo ukhula ngoba insimu engeyinhle ilimaza umsebenzi kasonkontileka.



Izinguquko kwithimba labeluleki base-SASRI



**Maphilisi
Blessing Zulu**

U-Maphilisi Zulu abanye abamazi ngokuthi “Prince of the North”, usesebenza nabalimi basoGwini oluseNyakatho (North Coast) ababuyiselwe imihlaba ngohlelo lwe-Land Reform kanye nabalimi abalima ngokuncane (Small Scale Growers/SSGs): kodwa ke ngokomsebenzi abalimi abhekene nabo nqo yilaba abangaphansi kokubuyiselwa komhlaba wuHulumeni nalaba abasuke bezithengele bona ngaphandle kosizo luka Hulumeni. Kuma-SSGs usuke esiza uma kunosizo oluphuthumayo olusuke ludingwa ngumlimi. uMaphilisi uphinde asebenze, ahole neThimba elibhekelela iZifo neziNambuzane zomoba kanye nokuKhiqizwa kweMbewu. Useneminyaka eyishumi nanye esebenzela iSikhungo sezoCwanningo ngoMoba (SASRI) ezikhundleni ezahlukahlukene. UMageba uneziqo ze-BSc. kwi Biological Science azithola e-UKZN. Uma abalimi befisa ukuxhumana naye mayelana nezidingo zomoba bangamuthola ku-082 789 9218 noma ku maphilisi.zulu@sugar.org.za



**Winile
Shelembe**

UWinile Shelembe obebambe njengomxhumanisi wabalimi ngenkathi uNqobile Nxumalo esathathe ikhefu lokufunda, usezosebenza nabalimi abalima ngokuncane (Small-Scale Growers) nabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba (Land Reform Growers). Usebenza nabalimi abahambisa umoba wabo emshinini omaphakathi nesifundazwe eNingizimu okuyi-Eston Mill. Ngokwemfundo uMaShelembe uneziqo ze BSc. Kwezolimo kanye ne Master’s yezolimo azithola e-UKZN Ungaxhumana noWinile ku-083 654 3547 naku Winile.Shelembe@sugar.org.za uma udinga usizo oluphathelele nokulinywa komoba.

Abaphathi bakwa SASRI Extension bayabemukela uWinile Shelembe no Maphilisi Zulu siyathemba ukuthi nani balimi nizobamukela kahle emisebenzini yabo emisha.

ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Joe Nkala, Sbonelo Shezi, Nqobile Nxumalo, Musawenkosi Khumalo (DARD) & Wayne Mthembu (Umhleli)
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September
Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za